Isatshalaliswa mahhala eOuter West Durban ngenhloso yokusondelisa amabhizinisi kanye nomphakathi ndawonye. Ishicilelwe iHammarsdale Cato Ridge Development Association NPC 2020/674596/08.

Hammarsdale Cato Ridge
# Sebenza

Hammarsdale Cato Ridge Development Association

Amakhophi awu20'000 | Njalo ngekota | Issue 2 | info@hcrda.org | www.hcrda.org

**Feb-March 2022**

## Qala ngeSocioNext

Iqala mgomhla ka-28 January kuya kumhla ka-4 February eHholo Lomphakathi eliseUnit 6, iSOCIONEXT izoletha ukuxhumana okuphezulu kokuqeqeshwa kokubamba iqhaza ekuthuthukisweni komphakathi, ukuthuthukiswa kwamakhono kwezamabhizinisi kanye neRapid prototyping. IMr Price Foundation isekela loluhlelo futhi iyakulangazelela ukubona imiphumela.



USimon Maphumulo echaza kubaphathi bamabhizinisi endawo ukuthi iMsenge Environmental Landscape iquketheni

## #DoMorePlay iletha amathoyizi akhiwe ngokhuni ezinganeni

NJENGENGXENYE yeEnterprise Development Project, iDO MORE FOUNDATION ibambisane neAssociation for People with Disabilities (APD) KZN kanye neCHEP ekuhlinzekeni ngamathoyizi enziwe ngokhuni angabizi futhi ahlala isikhathi eside ngenhloso yokusekela ukuthuthukisa kwemiqondo ezinganeni ezibuthakathaka emphakathini waseHammarsdale.

Njengoba iDO MORE FOUNDATION igxile entuthukweni yokukhula kwezingane ezisencane, ukuthuthukiswa kwebhizinisi kanye nokunciphisa indlala ibheka ngabomvu ukubona lobu budlelwano bukhula, ikakhulukazi empumelweni yezingane abazisekayo. Thola okwengeziwe ku-www.domore.org.za.

# AMA-SMME AYAQHUBEKA

Kwamenywa amaSMMEs amathathu asendaweni aphethwe abantu abamnyama ukuthi azokwethula amabhizinisi awo enhlanganyelweni yeHCRDA mhla ka-18 November 2021. Bonke bahlaba umxhwele: Ugodo Health and Safety Consultants batholа imihlangano eminingi kanye nezinkontileka ezintsha ezintathu!

"Sihlangane nenqwaba yamafemu amakhulu emhlanganweni owawuhlelwe yiHCRDA. ISafal Steel, Merlog Foods neGeo Plumbing and Plastics Sales selokhu besibizile saba nemihlangano sahlela nokuqeqeshwa okusezinhlelweni. Lesi sethulo sibe wusizo olukhulu," kusho uWiseman Shange oyiManaging Director yakwaUgodo Health and Safety Consultants. Ugodo,

iNathi Africa kanye neMsenege Environmental Landscapes baphinde bathamela amaseshini okuqala eHCRDA eSMME Engagement ngoNovember.

Lemihlanganyela yabanjwa ukuze kusekelwe amaSMMEs ukuthi enze iziphakamiso okungaxhunyanwa ngazo nalabo abangaba abathengi.

Wonke amaSMME angu-16 abekhona abike ukuthi kukhona abakuzuzile. Izinhlelo zika-2022 sezizofaka ezinye izinkundla zokucobelelana ngolwazi ezinhlanu zama-SMME ezihlanganisa izethulo ezilandelayo:

- amabhizinisi amakhulu aseHammarsdale /Cato Ridge ukuthi imaphi amathuba ezohwebo akhonela amaSMMEs
- abaxhasa ngezimali ngalokho abangakunikeza ongoti bama-SMME ngezihloko ezahlukahlukene ezihlobene namaSMME
- ochwepheshe ngezihloko ezahlukahlukene ezimayelana namaSMMEs
- AmaSMME qobo lawo. Lokhu kuzonika amandla amaSMMEs ukuthi athole ukucobeleleka kumaPresentations abanye abethuli.

AmaSMME azokwazi futhi ukunethiwekha futhi ahlanganyele neHCRDA futhi ahlonze izindlela zokusebenzisana. AmaSMME anentshisekelo akhuthazwa ukuthi abhalise amabhizinisi abo ku www.hcrda.org/smme-directory.


Amalungu eOkwethu Umqhele emagcekeni awo amasha eUSE-IT akhombisa ngemikhiqizo yawo emisha

## ICrusader iklomelisa ozakwaboabanesibindi ngeveni

NGOJULY 2021, ngenkathi indawo yokugcina izimpahla yaseCrusader Logistics eCato Ridge isongelwa abaphangi, inkampani yabiza uzakwabo kwezokuphepha uCyril Ndlovu, oyisikhulu seNhlalenhle Security Services (NSS Security), owaphuthuma endaweni yesigameko ukuyovikela impahle ekucekeleni phansi.

Ngokubonga ngalesi senzo sokuzidela nokusiza lapho bedingeka, uMqondisi Ophethe uStuart Roos weCrusader Logistics unike iNSS Security iveni yesibili yokusetshenziswa. Ngesikhathi sokunikezelwa kweveni, uNdlovu obejabule uthe,

"Ubudlelwano bethu neCrusader Logistics yikhona okwenza sibe nebhizinisi eliyimpumelelo manje. Leso sipho seveni lokuqala, eminyakeni edlule, sasivumela ukuba sandise futhi sikhulise ibhizinisi lethu. Sibone kufanele ukuthi sivikele labo abasisizile bafike lapho sikhona njengenkampani".

## Amakhasimende amasha nendawo yokuthunga yeCo-op

AMAKHASIMENDE eOkwethu Umqhele Cooperative Sewing Initiative akhula ngokushesha njengoba iAmakhosi Lodge, iSPAR Hammarsdale, CNG Attorneys, CDS Attorneys, kanye neInstitute for Regulatory Compliance Talent Development Institute, ijoyina njengamakhasimende. Lenkampani yasungulwa ngo-2018 ngenkathi iqeqebana lentsha engasebenzi yabesifazane ithola ukuqeqeshelwa ukuthunga ixhaswa iDOMORE Foundation.

Leliqembu labhalisa njengenkampani ezimele ngonyaka ka2020. NgoJuly 2021 laba somabhizinisi abasebasha bathuthela eThekwini Use-It Site eseHammarsdale lapho izikhwama zabo abazithungile zaqala ukudayiswa ezitolo zakwaSpar, kanye nezambulela ezithengiswa yiRosehip Design, okuyibhizinisi lasendaweni elithumela izambulela eUnited Kingdom. ILucky Bean kanye neS.G Branding banikela ngobuchule bokwenza amaphethini, kanye nokunqamula kwekhanvasi. Lesi isibonelo esihle sendlela amabhizinisi endawo angasiza ngayo intsha igqashule umjikelezo wobumpofu ngokunikeza usizo amaSMME athembisayo.



UCyril Ndlovu, umphathi weNSS Security kanye noStuart Roos, iMD yakaCrusader Logistics

IHammarsdale Cato Ridge Development Association (HCRDA) iyiNPC ehlanganisa izinkampani ezingu-38 ezahlangana ngo-2021 ukuze zisekele ukukhula, ukuqashwa kanye noguquko nokwenza iOuter West ibe yindawo engcono yokusebenza nokuhlala kuyo. Ihlose ukusebenzisana nabasebenzi, umphakathi, ababambisene nohulumeni kanye nabanye ababambiqhaza ukuze babhekane nezinselele ezifanayo, ukudala isimo esizinzile ukuze kugcinwe futhi kukhuliswe amabhizinisi akhona, ukuheha izinkampani ezininingi endaweni nokudala imisebenzi eyengeziwe. Emzamweni wokugcina umphakathi unolwazi lwakamuva ngentuthuko yendawo, iHammarsdale Cato Ridge Sebenza izoshicilelwa njalo ezinyangeni ezintathu futhi isatshalaliswe kabanzi. Izophinde itholakale ku-inthanethi la www.hcrda.org/sebenza. Ungathumela izindaba ku-info@hcrda.org.

**Hlanganyela kanye nezinkulungwane zezakhamuzi zaseOuter West bese ulandela ikhasi laFacebook leHCRDA ukuze uthole izibuyekezo ezivela kumalungu ethu, amathuba emsebenzi kanye nezindaba zendawo**

**facebook.com/HCRDA**



## Mamatheka! Ukukhamera!

IOuter West, njengengxenye enkulu yezwe, inezinkinga zobugebengu. Ukubona ukuthi ingasiza kanjani, iHCRDA yahlangana nabeSAPS abathi kudingeka amakhamera. Amakhamera ayisithupha eAutomatic Number Plate Recognition (ANPR) afakwe iHCRDA emizileni ebalulekile ezungeze iHammarsdale neCato Ridge. Sihlela ukufaka ezinye eziyisithupha ngo-2022.

### Asebenza kanjani amakhamera we-ANPR?

Amakhamera eANPR athatha isithombe sawo wonke ama-number plate ezimoto ezidlulayo. Azihlola ngokushesha eqhathanise nohlu lwezimoto ezisolisayo eziphethwe amaSAPS. Uma imoto esolwayo idlula kuwona, bathumela umlayezo kumaSAPS. Ayakwazi ukukhomba futhi balandelele abasolwa ngemuva kobugebengu obenzekile. Uma imoto yakho yebiwe noma ungathanda ukubika imoto esolisayo bika kumaSAPS abangakusiza.



UColonel Dladla noSergeant DD Nowatha kanye noWarrant Officer BC Memela bahlonishwe futhi baklonyeliswa ngeBest Arrest esiteshini saseMpumalanga

## Amaphoyisa aqavile

UKUGCINA indawo iphephile kungaba nzima kakhulukazi uma umsebenzi owenzayo ungabongwa ngawo. Kukhona lokho emqondweni, iHCRDA ikhombise ukwazisa kwayo izikhulu zomthetho ezikhombisa ukuzimisela nokwenza ngokungale emsebenzini. Abasebenzi abasebenza ngokuzimisela abavela kwiSAPS Hammarsdale, Mpumalanga, Inchanga kanye neDurban Metro Police Station yaseHammarsdale baqokwa ngabaphathi beziteshi ngonyaka odlule emcimbini bahlonishwa emikhakheni Yobuqhawe, Obophe Kangcono Kakhulu kanye Nokuqamba amacebo amasha. Umsebenzi ngamunye wathola isitifiketi kanye neVoucher yesipho sika-R400 kanye nokubonga kwethu okuqotho ngeminikelo yabo. Lemicimbi izoqhubeka nangonyaka ka-2022.

## Ukuvuna izithelo ezingadini zemifino ezichumayo

IZALUKAZI ezingu-160 zaseHammarsdale, Inchanga kanye neValley of 1000 Hills zijabulela izithelo zemsebenzi yazo, konke ngenxa yobudlelwano obuphakathi kwabo neKerry Foods kanye nenhlangano engenzi nzuzo yasendaweni, iHillCrest AIDS Centre Trust (HACT). Ezinyangeni ezine ezedlule, izithombo zemifino ezingaphezulu kuka-4000 zitshalwe kwindawo yezitshalo yeHACT zaphinde zasatshalaliswa phakathi kogogo nemindeni yazo okubalwa nezintandane ezingu189 kanye nabazukulu abasengozini yokungondleki.



Abasebenzi baseHACT uMzi Mchunu, uClaire Hodgkinson noXolani Zondi nezinye zezithombo zemifino ezabelwa zanikezwe ogogo bendawo

Ngokuqeqeshwa kwezolimo kanye nemfundiso evela kaHACT, izingadi ziyachuma futhi zithunga imbewu yoshintsho ngezindlela ezihlukene. "Ingadi yethu ibe yisibusiso ngezindlela eziningi," kusho uJabuli oneminyaka engu-62 ubudala. waKwanyuswa onakekela abazukulu bakhe abane. "Izingane sezidla ukudla okunempilo futhi nokuchitha isikhathi engadini kuyangisiza ekudambiseni ukucindezeleka." Umphathi weProcurement Manager kaKerry, uLarryn Kurten uthe ubhubhane lwe-Covid-19 kusiqokomisile isidingo sokuthuthukiswa kokuphepha kokudla.

"UKerry uyaziqhenya ngokusekela iqembu lakwaHACT elisebenza ngokukhethekile ngokubambisana nemiphakathi yendawo ukuthola izixazululo ezenza umehluko obonakalayo ezimpilweni zabantu." Ngaphezu kokusungulwa kweizingadi zemifino yasekhaya, iKerry ithembiso uxhaso ngohlelo lwabo iMyCommunity grant programme oluphinde lwasetshenzisiwa yiHACT ngokuthenga ukudla kweziguli endaweni yabo enemibhede ewu24 ehlinzeka ngokunakekelwa kwamahhala kwezingane nabantu abadala abasezigabeni ezithuthukile zengculaza noma umdlavuza.

## Imisebenzi ewu-76 yeHCRDA

UMASIPALA eThekwini ubambisene neHCRDA ukuze basekele umgomo wabo wokwenza iHammarsdale neCato Ridge ibe indawo engcono yokusebenza nokuhlala. IHCRDA ithole isibonelelo sePublic Employment Programme (PEP) sokuqasha abantu abawu-43 abaqhamuka eOuter West abazosebenza izinyanga ezinhlanu, kusukela ngoFebhuwari 2022. Laba basebenzi bazonikezwa umsebenzi wokugcina ingqalasizinda, ikakhulukazi imigwaqo emikhulu kanye nezindlela zemigwaqo. Kunethemba lokuthi lokhu kuzokwenza indawo ihehe kakhulu amabhizinisi abheka indawa engcono kuphinde kube indawo engcono kulamabhizinisi avele esekhona. iOuter West izuza kakhulu ohlelweni lwePEP njengoba iHCRDA izophinde iqashe abanye abantu abawu-33 abazoqhubeka nohlelo lweSMRT.BIO olaqala ngonyaka ka-2021. Bazosekela abafuna imsebenzi emiphakathini yabo ngokwenza amaDigital CVs ku-www.smrt.bio/durban. Umgomo weSMRT.BIO ukwenza ukufuna umsebenzi kanye nokuqasha kubelula futhi kungabizi. IHCRDA ibonga kakhulu ngokusekelwa uMasipala weTheku nokuthi ikwazi ukuqondisa lezi zinsiza ekuhlomuleni komphakathi waseOuter West.





Ngokuqondaniswa nesiqubulo sayo somhlaba wonke esithi 'imiphumela idalwa ngabantu', nokuzibophezela kwayo ekuthuthukiseni iqembu layo, iFibertex Operations Executive, uSandesh Singh uklomelise ngezitifiketi uFelumuzi Mbuyazi, Bongani Majola noNjabulo Mbhele abaphothule amaLearnership. kwiProduction Technology, kanye noPalesa Musa kanye noKedaran Naidoo othole eseGeneric Management. UMlungisi Mluleki Mbeje uphumelele iTrade Test yakhe yeElectrician Apprentice. USingh uthe: "Sibheke ngabomvu ukufundisa abaholi abaningi bakusasa nokuvula amathuba ngaphakathi kwabo, ukuze babe yinguqulo yabo engcono kakhulu futhi benze umehluko obalulekile enhlanganweni yethu nasemphakathini."

## Ukuvulwa kwamathuba amabhizinisi aluhlaza kosomabhizinisi bendawo

UKUTHUTHUKISA imvelo nokudala ithuba lebhizinisi entshonalanga engaphandle, iHCRDA yasungula ukukhiqizwa kweBiochar. Yakhiqiza cishe amathani awu-20 eBiochar ukuhlola ukusebenza kwayo yaphinde yanikele ngayo kuma-Co-operatives yezolimo aseHammarsdale kanye naseCato Ridge. Manje ibheka iSMME azokweseka ukwenza i-biochar ezodayiselwa izitolo zasengadini eHillcrest, Kloof kanye naseAssagay. Uma ungathanda ukufaka isicelo sokuba ingxenye yalelithuba, faka isicelo la https://www.smrt.bio/vacancies/apply/1878. https://www.smrt.bio/vacancies/apply/1878



### Iyini iBiochar?

IBiochar ngamalahle (enziwe ngokushisa noma iyiphi into eyenziwe ngokhuni futhi okuyinto engakhiqizwa kalula, futhi ingaphuma kumaAlien vegetation agcwele kulengxenye yezwe) axutshwe nomquba. Kulamalahle ila kuhlala khona lemisoco esemqubeni. Uma iBiochar ihlakulelwa emhlabathini ithuthukisa izinga lomhlabathi, nekhono lawo lokugcina amanzi kanye nokukhiqiza kwawo.



Bakers S.A. Limited · BJL Logistics · build better with BigBuild · Blaze · Buckman Chemistry, connected. · Cato Pallet (Pty) Ltd · Cobro Concrete · Counterpoint · C.R.E.C. Cato Group · Cretemix Mixed Concrete
Crusader Logistics · deratek packaging · Do More Foundation · Fibertex Nonwovens · Geo plastic sales plumbing sales · G Force Employment Solutions · Global Safety Textiles · Hammarsdale Industrial Park · Inno Textiles · Kerry
L A D Security Services · Malda Pack · merlog foods · mr price · Precool Cold Storage · RCL Foods · Robertson and Poole Construction · RP Steel Structural Steel Fabricators · Safal Steel · SAPY
Scott Bader Making a positive difference · sequence logistics · Share-List Property · SRF · Stimela Consulting · Swan Plastics · the document warehouse · United · Use-It · Value Logistics